<u>Singaphezu kwezigidi zamarandi ezingama-50 kodwa singevile kwizigidi zamarandi eziyi-100</u>	<u>R 5,656,000.00 kanye namaphesenti ayi-13.10 esamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali esingaphezulu ngaso kwezigidi zamarandi angama-R 50</u>
<u>Singaphezu kwezigidi zamarandi ayi-100</u>	<u>R 12,206,000.00 kanye namaphesenti ayi-14.05 esamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali esingaphezu kwezigidi zamarandi ayi-100</u>

(2) Emdlalweni odlalelwa etafuleni ngamunye, isamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali silingana nemali yonke eqoqiwe ihlangene nama-credit slips ama-chips noma amathokheni okususwe

etafuleni yemidlalo yemali, kuhlenganisa ne-drop, ingabalwa i-bankroll ne-fill ebekufakwe etafuleni ngesikhathi kugala umdlalo.

(3) Emshinini womdlalo wemali ngamunye, isamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali kumele sibalwe ngokusebenzisa amamitha kagesi ukuze kunqunywe isamba semali okugembulwe ngaso kanye nemali ewinwe abantu abasebenzise umshini wemidlalo yemali.

(4) Emdlalweni wamakhadi ngamunye nanoma yimuphi omunye umdlalo umnikazi welayisensi angeyona ingxenye yawo yokubheja, lapho isamba sengenisonzuzo yezemidlalo silingana nayo yonke imali etholwe ngumnikazi welayisensi njengomvuzo wokuqhuba umdlalo.

(5) Uma, nganoma yisiphi isikhathi sokukhokhwa kwentela, isamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali singaphansi kweqanda, umnikazi welayisensi angabamba imali eyevile ngezikhathi zokukhokhwa ezilandelayo, kuze kube leyo mali eyevile iyehla uma iqhathaniswa nesamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali.

2. UMnyango woMgcinimafa wesiFundazwe kumele, ezinsukwini ezingama-20 uthole intela, wabe ingxenye yaleyo ntela elingana nephesenti elilodwa (1.00%) lesamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali yasekhasino esiKhwameni soGuquko etholakale njengoba kushiwo kwibinzana A.1.

B. IMISHINI EKHOKHA ISAMBA ESICALIWE

1. Umqhubi womzila onelayisensi kanye nomqhubi womzila ozimele onelayisensi kumele bakhokhe intela yemidlalo yemali yemishini ekhokha isamba esikaliwe ngereyithi yamaphesenti ayi-15.25 yesamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali ngesikhathi sokukhokhwa kwentela esiKhwameni seNgenisonzuzo sesiFundazwe, lapho isamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali sibalwa ngokusetshenziswa kwamamitha kagesi emishini ukuze kunqunywe isamba semali okugembulwe ngaso emshinini okhokha isamba esikaliwe kanye nemali ewinwe abantu abasebenzise umshini okhokha isamba esikaliwe.

2. UMnyango woMgcinimafa wesiFundazwe kumele, ezinsukwini ezingama-20, uthole intela, wabe ingxenye yaleyo ntela elingana nekota yephesenti elilodwa (0.25%) lesamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali yasekhasino esiKhwameni soGuquko etholakale njengoba kushiwo kwibinzana B.1.

C. INTELA YEMIDLALO YEBHINGO

1. Umqhubi wemidlalo yebhingo onelayisensi kumele akhokhe intela yemidlalo yebhingo esiKhwameni seNgenisonzuzo sesiFundazwe, ngereyithi yengenisonzuzo yomqhubi wemidlalo yebhingo onelayisensi njengoba inqunye kwithebula elingezansi, lapho ingenisonzuzo yebhingo ilingana nesamba semali efakwe abadlali bomdlalo webhingo, kuhlanganisa nezimali zokubamba ighaza, kubanjwe isamba semali esibuyiselwe kubadlali ngemiklomelo, uma sekuyisikhathi sokukhokhwa kwentela.

<u>Lapho imidlalo yebhingo ngesikhathi sokukhokhwa kwentela –</u>	<u>Ireyithi yentela eqondene nabaQhubi bemiDlalo yeBhingo abanamaLayisensi</u>
<u>Ingevile emarandini angama-500,000.00</u>	<u>Amaphesenti ayi-6.50 esamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali</u>
<u>Ingaphezu kwamarandi angama-500,000.00 kodwa ingevile emarandini ayi-1 000,000.00</u>	<u>R 32,250.00 kanye namaphesenti ayi-8.25 kwinani isamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali eseqe ngaso emarandini angama-500,000.00</u>
<u>Ingaphezu kwamarandi ayi-1 000,000.00</u>	<u>R 73,750.00 kanye namaphesenti ayi-10.25 kwinani isamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali eseqe ngaso emarandini ayi-1 000,000.00</u>

2. UMnyango woMgcinimafa wesiFundazwe kumele, ezinsukwini ezingama-20 uthole intela, wabe ingxenye yaleyo ntela elingana nephesenti elilodwa (1.00%) lesamba sengenisonzuzo

yemidlalo yemali yasekhasino esiKhwameni soGuquko etholakale njengoba kushiwo kwibinzana C.1.

D. UKUBHEJA

Imivuzo emile yokubheja emijahweni yamahhashi

1.(1)(a) Ubhuki kumele, njengoba kushiwo esigabeni 128 soMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, abambe emalini ewinwe umuntu obebhejile, ngaphandle kwemali efakwe umuntu obhejile, intela elinganiselwa kumaphesenti ayi-6.00 maqondana nemivuzo emile yokubheja emijahweni yamahhashi efakwa kubhuki noma kumphathi kabhuki.

(b) Ubhuki kumele akhokhe imali yokubheja esiKhwameni seNgenisonzuzo sesiFundazwe, ngokuhambisana nesigaba 129 soMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, intela eshiwo kwibinzana D.1(1)(a).

(c) Ukwabiwa kwemali uMnyango woMgcinimafa wesiFundazwe –

(i) esiKhwameni seNgenisonzuzo sesiFundazwe;

(ii) esiKhwameni soGuquko; kanye

(iii) nakweminye imikhakha eyehlukene yabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi ababalulwe njengabahlomuli ohlwini lokuqala kwithebula elingezansi, kumele kwenziwe ezinsukwini ezingama-20 itholwe uMnyango woMgcinimafa wesiFundazwe ngamareyithi abekwe ohlwini lwesibili kwithebula elingezansi:

<u>Abahlomuli</u>	<u>Ukubheja okufakelwa imivuzo emile kubhuki noma kumphathi</u>
<u>IsiKhwama seNgenisonzuzo sesiFundazwe</u>	<u>Amaphesenti ama-3.00</u>
<u>IsiKhwama soGuquko</u>	<u>Iphesenti eli-1.00</u>
<u>Abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi abangaphansi kwesigaba 1: <i>Imihlangano yemijaho yamahhashi ye-thoroughbred</i></u>	<u>Iphesenti eli-1.60</u>
<u>Abaqhubi bezinkundla zemijaho</u>	<u>Iphesenti eli-0.20</u>

<u>yamahhashi abanamalayisensi abangaphansi kwesigaba 2: Imihlangano yemijaho yamahhashi ye-harness</u>	
<u>Abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi abangaphansi kwesigaba 3: Imihlangano yemijaho yamahhashi omtelebhelo</u>	<u>Iphesenti eli-0.20</u>
<u>Isamba esihlangene sereyithi yentela</u>	<u>Amaphesenti ayi-6.00</u>

(d) Uma –

(i) kunabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi kunoma yisiphi isigaba sabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi ababalulwe kwithebula elikwindima (c)(iii), iphesenti elabelwe abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi liyohlukaniswa ngokulingana phakathi kwabo bonke abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi;

(ii) engekho umqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi onelayisensi kunoma yisiphi isigaba sabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi ababalulwe kwithebula elikwindima (c)(iii), ozothola umhlomulo njengomhlomuli wesabelo, iphesenti elabelwe lesigaba sabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi liqongelelwa esiKhwameni soGuquko.

(2) Izimali ezihlanganisa izimali ezabelwa abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi ezibalulwe ohlwini olukwithebula kwibinzana D.1(1)(c)(iii) kumele zisetshenziswe abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi, njengabahlomuli balezo zabelo, ngenhloso yokuthuthukisa imijaho yamahhashi kanye nokuququla imboni yezemijaho yamahhashi, kuncike kunanoma yimiphi imibandela efana naleyo njengoba ingabekwa yiBhodi ngezikhathi ezithile: Kuncike ekutheni –

(a) umqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi onelayisensi kumele alethe uHlelo lweBhizinisi olunzulu ungakadluli umhla zingama-31 kuZibandlela wonyaka olandelayo ngamunye, ukuze lugunyazwe yiBhodi, lubalule indlela izintela ezabiwe ezishiwo

kwibinzana D(1)(c)(iii) ezizosetshenziswa ngayo ukuthuthukisa kanye nokuguqula imboni yemijaho yamahhashi ngokuhambisana nemibandela ebekwe yiBhodi;

(b) iBhodi kumele icubungule futhi igunyaze noma ingabe ukugunyazwa koHlelo lweBhizinisi olushiwo kuleli binzana esikhathini esiyizinsuku ezingama-60 kusukela ngosuku okulethwe ngalo uHlelo lweBhizinisi kwiBhodi; futhi

(c) uma kungukuthi iBhodi ingaba ukugunyaza uHlelo lweBhizinisi lomqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi onelayisensi njengoba kushiwo kwindima (b) –

(i) iBhodi kumele ihlinzeke izizathu ngesinqumo sayo ngokuhambisana nezinhlinzeko ze-*Promotion of Administrative Justice Act, 2000* (uMthetho No. 3 ka 2000); futhi

(ii) umqhubi othintekayo angasebenzisa amandla akhe ukufaka isikhalo njengoba ushiwo esigabeni 140 soMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010 (uMthetho No. 8 ka 2010).

(3) UMnyango woMqcinimafa wesiFundazwe kumele, uma ucelwa yiBhodi, uhoxise ukwabiwa kwezimali kunoma yisiphi isigaba sabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi esishiwo kwithebula elikwibinzana D.1(1)(c)(iii) uma –

(a) umqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi onelayisensi ehluleka ukuletha uHlelo lweBhizinisi olushiwo kwibinzana D.1(2) ungakadluli umhla wama-31 kuZibandlela wanoma yimuphi unyaka, noma iBhodi ingaba ukugunyaza uHlelo lweBhizinisi njengoba kushiwo kwibinzana D.1(2)(c), umqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi onelayisensi okukhulunywe ngaye uyolahlekelwa yinoma izimali ezabiwe kuze kube usuku lokuqala lwenyanga elandelayo kusukela ngosuku lokugunyazwa koHlelo lweBhizinisi; noma

(b) umqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi onelayisensi ehluleka ukuletha ubufakazi bezimali ezabiwe ezisetshenziwe ngokuhambisana noHlelo lweBhizinisi olushiwo kwibinzana D.1(2)(a), ngendlela eqculisa iBhodi, nangesikhathi esinqunywe yiBhodi.

Imivuzo emile yokubheja emicimbini yezemidlalo noma kweminye imicimbi

2.(1) Ubhuki kumele akhokhe intela yokubheja esiKhwameni seNgenisonzuzo sesiFundazwe elingana namaphesenti ayi-6.75 engenisonzuzo eyenziwe ubhuki ngokubheja lowo ubhuki akungenele –

- (a) emicimbini yezemidlalo;
- (b) kweminye imicimbi; noma
- (c) kwinhlanganisela yalokhu.

(2) Noma yikuphi ukubheja okubandakanya ukubheja okungxubevange futhi lokho kubheja okungxubevange kubandakanya noma yikuphi okuqokiwe okubandakanya imiphumela yomjaho wamahhashi, akubandakanyi ukubheja emcimbini wezemidlalo noma komunye umcimbi ngakho-ke nentela ebekwe kwibinzana D.1 iyasebenza kulokho kubheja okungxubevange.

(3) UMnyango woMgcinimafa wesiFundazwe kumele, ezinsukwini ezingama-20, ufake ikota yephesenti (0.25%) lesamba sengenisonzuzo yentela yokubheja esiKhwameni soGuguko etholakale njengoba kushiwo kwibinzana D.2(1).

Ukubheja ngokuhlanganyela emjahweni wamahhashi, emicimbini yezemidlalo noma kweminye imicimbi

3. Maqondana nokubhejela umjaho wamahhashi ngokuhlanganyela ethotho, emicimbini yezemidlalo noma kweminye imicimbi –

(a) isamba esincane esingabuyiselwa kubantu abawine kade bebheje ngokuhlanganyela emijahweni wamahhashi, emicimbini yezemidlalo noma kweminye imicimbi kumele, sesisonke, singabi ngaphansi:

(i) kwamaphesenti angama-65 azo zonke izimali zokubheja ethotho kulolo hlobo lokubheja olubizwa nge-Super 8; noma

(ii) kwamaphesenti angama-75 azo zonke izimali zokubheja ethotho kunoma yimuphi umhlangano womjaho, noma emcimbini wezemidlalo noma komunye umcimbi, ngaphandle kohlobo lokubheja olubizwa nge-Super 8;

(b) isamba sentela okumele ikhokhwe esiKhwameni seNgenisonzuzo sesiFundazwe njengoba kushiwo kulo Mthetho nasesiqabeni 130 soMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, kumele sibalwe ngereythi yephesenti eli-1.50 lazo zonke izimali zokubheja ethotho; futhi

(c) umnikazi welayisensi yethotho angagcina emalini engabuyiselwanga kubantu abawine kade bebheje ngokuhlanganyela emijahweni yamahhashi, emicimbini yezemidlalo noma kweminye imicimbi ethotho, ngokuhambisana nendima (a) yaleli binzana, leso samba semali njengoba sisele ngemva kokubanjwa kwemali eyiphesenti eli-1.50 eshiwo kwindima (b) yaleli binzana: Kuncike ekutheni –

(i) uma umnikazi welayisensi yethotho ehlinzekela ukubheja ezindaweni zokubheja ezihlanganyele, kumele kusebenze imithetho yaleyo thotho; futhi

(ii) imithetho yethotho yomqhubi wethotho kumele ikhangiswe lapho izobonwa khona ababheji nomqhubi wethotho oyisivakashi ngendlela enqunywe yiBhodi.

E. ABANIKAZI BAMALAYISENSI BANGAKWAZI UKUTHOLA UXHASO LWEZIMALI ESIKHWAMENI SOGUQUKO MAQONDANA NEMIKLAMO ETHILE

Umnikazi welayisensi, angakwazi ukufaka isicelo kwiBhodi ngendlela enqunywe yiBhodi sokucela ukuthi athole isabelo soxhaso ezimalini ezikhishwa yisiKhwama soGuquko maqondana nemiklamo ethile ezokwenziwa umnikazi welayisensi ngokuhambisana nohlelo lwemiklamo olunzulu njengoba lungavunywa yiBhodi, kuncike kunoma yimiphi imibandela engabekwa yiBhodi, uma iBhodi yenelisekile ukuthi lowo mklamo uzoba nomthelela ekuququlweni kwemboni yezokugembula esiFundazweni.

F. IZINCAZELO EZIQONDENE NEZINHLOSO ZALOLU HLELO

Ngokwezinhloso zalolu Hlelo –

“isamba semali” noma “imali” kubandakanya isamba sanoma yisiphi isikweletu, sanoma yimuphi umvuzo, umklomelo, sanoma iyiphi ibhonasi, noma semali oyithola ngokuba ngovame ukudlala kuleyo khasino noma okunye okufana nalokho, esitholwa noma etholwa yilowo muntu ngokudlala kuleyo ndawo yomnikazi welayisensi yekhasino kungakhathaleki ukuthi yini umthombo waleyo mali, waleso sikweletu, walowo mklomelo, walowo mvuzo, waleyo bhonasi noma okufana nalokho;

“imali yonke eqoqiwe” kushiwo isamba nenani lama-chips etafuleni lokudlala ngesikhathi kuqala noma kuphela usuku okudlalwa ngalo;

“ukubheja ngokuhlanganyela” kushiwo isimo lapho umqhubi wethotho oyisivakashi ukubheja kwakhe kuhlanganiswa nokubheja komqhubi wethotho okubhejelwa endaweni yakhe kanti “ukuhlanganyela”, okuhlanganyelwe”, “ohlanganyelayo” kunencazelo efanayo;

“i-drop” kushiwo, uma kukhulunywa –

(a) ngemidlalo yasetafuleni, isamba semali, sama-chips, samathokheni, samaplakhi kanye nokokumaka izikweletu kwi-drop; noma

(b) umshini wemidlalo yemali, isamba –

(i) semali ewukheshi noma samathokheni esidingeka ukuthi sibe kwi-drop box noma kwi-drop bucket salowo mshini ngokwamamitha aqophe lowo mshini; noma

(ii) zonke izamba ezikhishwe ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe ngabadlali kwimitha lalowo mshini labo badlali abadlala ngazo;

“i-fill” kushiwo, uma kukhulunywa –

(a) ngomdlalo odlalelwa etafuleni, ukufakwa kwama-chips, kwamaplakhi noma kwamathokheni engeziwe etafuleni lemidlalo yemali; noma

(b) ngomshini wemidlalo yemali, ukufakwa kwemali ewukheshi noma kwamathokheni kwihopha yemidlalo yemali;

“isamba sengenisonzuzo yemidlalo yemali” kushiwo umehluko phakathi kwesamba semali egenjulwe abantu ngesikhathi bedlala endaweni yomnikazi welayisensi nemali ebuyele kubantu ikhishwa umnikazi welayisensi, njengemali ewinwe ngesikhathi labo bantu begembula;

“umqhubi wethotho oyisivakashi” kushiwo umqhubi wethotho onelayisensi equnyazwe KwaZulu-Natali;

“umqhubi wethotho umdlalo obanjelwe endaweni yakhe” kushiwo umqhubi wethotho onelayisensi egunyazwe esiFundazweni, ezweni noma ngaphandle kwaKwaZulu-Natali;

“isikhathi sokukhokhwa kwentela” kushiwo inyanga;

“imithetho yethotho” kushiwo imithetho esebenza kumqhubi wethotho ebandakanya, phakathi kokunye, imithetho yokubheja kanye nemithetho egunyaza ukubanjwa kwezimali ngaphandle kwentela yokubheja ngokuhlanganyela;

“isiKhwama soGuquko” kushiwo siKhwama soGuquko esisungulwe ngokwesigaba 137(1) soMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010.”.

Isihloko esifingqiwe

4. Lo Mthetho ubizwa ngoMthethosichibiyelo weNtela yeMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, ka-2021.

IMEMORANDAMU NGEZINHLOSO ZOMTHETHOSIVIVINYWA OCHIBIYELA UMTHETHO WENTELA YEMIDLALO YEMALI NOKUBHEJA WAKWAZULU-NATALI, KA-2021

1. ISENDLALELO

UMthetho weNtela yeMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010 (“uMthetho omkhulu”), sihlinzekela ukukhokhwa kwezintela ngabantu abanamalaysensi ngokoMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010. Njengoba uHlelo loMthetho omkhulu, oluhlinzekela amareyithi entela yemidlalo yemali nokubheja okuhlukahlukene, wagcina ukuchitshiyelwa

ngesaziso sesiFundazwe kuMfumu wangonyaka ka-2012, isidingo sokubuyezwa kwamareyithi ezintela kanye nokwabiwa kwengenisonzuzo bekumele engabe kade kwenzeka.

Kubonakale kunesidingo sokuchibiyela uMthetho omkhulu –

- (a) sokuchibiyela amareyithi ezintela ezithile;
- (b) sokwaba kabusha kwengenisonzuzo yezintela;
- (c) sokuchibiyela nesokufaka izincazelo ezithile;
- (d) sokucacisa mayelana nokwabiwa kwezintela zokubheja;
- (e) nokufaka imodeli yokwabiwa kwezimali lwesikhwama soguquko; kanye
- (f) nezinye izichibiyelo.

Izichibiyelo ezinzulu zihlongozwe oHlelweni olusha oluthinta izindaba ezahlukahlekene ezidingidwa lapha ngezansi.

A. Ukunyuka kwamareyithi entela ayidlanzana

Ukunyuka kubandakanya amareyithi ezintela kwintela yemidlalo yemali yasemakhasino, kwintela yemidlalo yebhingo, kwintela yemidlalo yemali yomshini okhokha isamba esikaliwe, kwintela yemidlalo yebhingo, kanye nentela yokubheja kuma-*fixed odds bets* emicimbini yemidlalo kanye nakweminye imicimbi. Akulindelekile ukuthi izisongozo ezintsha zingaphikiswa yiBhodi noma yimboni ngenxa yokuthi amareyithi ezintela osekuyiminyaka engabuyezwa. Lokhu kunyuswa kwentela okuhlongozwayo kumele engabe kade kwenzeka njengoba izichibiyelo zamareyithi entela zagcina ukushicilelwa ngonyaka ka-2012.

B. Ukwabiwa kabusha kwemali yentela yemijaho yamahhashi

Imijaho yamahhashi yaqala kudala ngonyaka ka-1795 ngesikhathi umthetho wamaNgisi uqala ukusebenza eKapa. Amahhashi ayasetshenziselwa imijaho ayebizwa ngama-*“capers”*. Ngemva kwesikhathi esikhundleni sawo kwasetshenziswa amahhashi aziwa ngama-*“thoroughbred”*. Ngokwesiko eNingizimu Afrika, umjaho wamahhashi waziwa “njengomdlalo wamakhosi” futhi uyamaniswa nezinjinga ezidla izambane likapondo. Umjaho wamahhashi we-*thoroughbred* uyimboni okukhonya kuyo izinkunzi ezimbili

esibayeni esisodwa okuyiPhumelela kanye ne-*Gold Circle*. I-*Gold Circle* iyona ekhonyayo KwaZulu-Natali, bese kuthi iPhumelela ilawule zonke ezinye izindawo kuleli.

Imboni yokubheja KwaZulu-Natali yayilawulwa nge-Odinensi yokuBheja, 1957 (i-Odinensi No. 28 ka 1957), esikhundleni sayo okwangenana uMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010. I-odinensi yayihlinzeka inqubo yentela lapho umthombo kahulumeni wezimali kwakuyintela yesiKhwama seNgenisonzuzo sesiFundazwe kanye nesiKhwama sokuThuthukisa iziNkundla zeMijaho yamaHashi.

Ngonyaka ka 1994/1995, kwaqalwa imidlalo yokubheja izintela ezingamaphesenti amahlanu zafakwa esiKhwameni seNgenisonzuzo sesiFundazwe kwathi iphesenti elilodwa lafakwa esiKhwameni sezeMidlalo. Ngabo 1998, isiKhwama sokuThuthukisa iziNkundla zeMijaho yamaHashi sahlakazwa kwathi ingxenye yezabelo sazo yakhokhwa kwiKomidi eliLawula oBhukhi.

Uhlelo lokwabiwa kwezimali lwalubandakanya amakilabhu emijaho yamahhashi amathathu (Durban Turf Club, Pietermaritzburg Turf Club kanye ne-Clairwood Park Turf Club). Lamakilabhu emijaho yamahhashi ahlanganiswa aba yikilabhu eyodwa, i-*Gold Circle (Pty) Ltd*, ukuze kulawulwe izintshisekelo zalamakilabhu ahlanganisiwe.

Ngaleso sikhathi, umtelebhelo ojwayelekile, i-*standardbred* kanye nomjaho we-*harness* yayingalawulwa futhi, ngenxa yalokho kwakunomhlomuli oyedwa wezintela ezabiwayo okwakuyi-*Gold Circle* okuyiyona yodwa eyayingumqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi onelayisensi.

Ingenisonzuzo njengamanje ekhokhelwa i-*Gold Circle* kuphela “njengomqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi eshiwo oHlelweni olukhona, ngokokuhlongozwayo, yelulelwa nakwezinye izigaba zabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi.

C. Ukuchitshiyelwa kanye nokufakwa kwezincazelo ezithile

Lokhu okuhlongozwayo kufaka izincazelo “*isamba semali*” noma “*imali*” futhi kuhlose ukubhekana nodaba lwe-“*freeplay*” ngaphandle kokunanaza ukuqinisekisa ukuthi,

esikhathini esizayo, ingenisonzuzo yentela engatholwa yisiFundazwe ayilahleki. Lokhu okungenhla kuwumphumela wokwenyuka kwezinga lokuncika kwi-“freeplay” njengomvuzo wokuheha abazodlala ngokubathembisa ama-“freeplay”. INingizimu Afrka ayihlukile kwamanye amazwe aphesheya okudingeke ukuthi ayifakele izibuko indlela okuphathwa ngayo intela yale mihlomulo.

D. Ukwabiwa nokusatshalaliswa kwengenisonzuzo okumele ikhokhelwe abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi

Ngonyaka ka 2014, Ithotho yabhalela iHhovisi likaNdunankulu ithi njengomqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi onelayisensi, ibinzana D loHlelo loMthetho omkhulu liyigunyaza ukuthi ihlomule ngamaphesenti amathathu kwengenisonzuzo ebuyiselwa kumqhubi wenkundla zemijaho yamahhashi. Phambilini kuze kube yimanje i-*Gold Circle* ibiyithola yonke lengenisonzuzo engamaphesenti amathathu.

Phakathi kukaMbaso 2015 kuya kuNdasa 2020, imali elinganiselwa kumarandi ayizigidi ezingama-205 iBhodi yayikhokhela i-*Gold Circle* ngokwezinhlinzeko zalolu Hlelo loMthetho weNtela.

Ithotho njengomunye umqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi onelayisensi isanda kubika lolu daba kuNdunankulu icela ukuthi angenelele, ikhala ngokuthi ukushiywa ngaphandle kwayo akuyincishi nje kuphela amathuba, kodwa kuphinde kuvimbe umgomo wayo woguquko “wemijaho yamahhashi ezindaweni zasemakhaya”.

Ngokuchitshiyelwa koMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, ngoMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2017, isigaba 89 salowo Mthetho sachitshiyelwa ngokubeka ebuningini igama elithi “umqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi” njalo uma lisetshenziswa eMthethweni. Lesi sichibiyelo sisusa lokho okubukeka njengegunya labakhethiweyo maqondana ne-*Gold Circle* futhi sicaba indlela yohlelo lokwabiwa kwentela ngendlela elinganayo, ebhekelela yonke imisebenzi yezinhlangothi ezithintekayo.

Kuyiqiniso ukuthi ukufakwa okuhlongozwayo kwabanye abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi, njenge-lthotho, njengabahlomuli bezabelo akukona nje ukuthi bese kudlulelwe yisikhathi, kodwa kuyosiza kakhulu ukuvimbela noma yikuphi ukumangalelana okungenzeka ukuthi bayakucabanga. Isabelo esiwu-0.2% esiyonikwa ezinye izigaba zabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi maqondana nemihlangano yemijaho yamahhashi ye-*harness* kanye nemihlangano yemijaho yamahhashi omtelebhelu, siyosiza abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi ukusebenza ngendlela efanele futhi basebenzise leyo mali ukuthuthukisa imijaho yamahhashi esiFundazweni kanye nabantu abayamaniswa nalo mdlalo.

Lokhu kuchitshiyelwa kanye nokuguqulwa okuhlongozwayo koHlelo kuhlose ukuthi izimali eziqukethe izabelo ezizonikezwa abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi kumele zisestshenziwe abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi, njengabahlomuli bezabelo, ikakhulu ngezinhloso zokuthuthukisa imijaho yamahhashi nokuletha uguquko embonini yemijaho yamahhashi, kuncike kunoma yimiphi eminye imigomo engabekwa yiBhodi ngezikhathi ezithile.

Njengamanje, i-*Gold Circle*, njengomqhubi wenkundla yemijaho yamahhashi maqondana nemihlangano yemijaho yamahhashi ye-*thoroughbred*, ngendlela ebona ngayo isebenzisa lezi zimali njengesibonelelo esingenamibandela. Maqondana nalokhu izitatimende zezimali ezisanda kuthunyelwa yi-*Gold Circle* zikhombisa ukuthi ukusetshenziswa kwalezi zimali kungakuba nogcobho. Izimali ezabelwe abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi kumele zisetshenziselwe ukuthuthukisa nokuguqula imboni yemijaho yamahhashi.

Izichibiyelo ezihlongozwayo zisiza iBhodi ukuthi ikwazi ukuba namandla okuba yihlo ezimalini ezabelwe abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi futhi zivumela iBhodi ukuthi ibeke eminye imibandela, ngezikhathi ezithile, ngendlela izimali okumele zisetshenziswe ngayo. Izinguquko ezihlongozwayo zizosiza ngokwenyusa izinga lokuba nesibopho sokubika, nokusebenza ngendlela evulelekile emphakathini nangokuphucula indlela yokuqashwa kokusetshenziswa kwezimali.

Abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abangaphansi kweSigaba 1: Imihlangano yemijaho yamahhashi ye-*thoroughbred*, bayothola isabelo esiyi-1,6%. Lesi sabelo sikhulu kakhulu njengoba imihlangano yemijaho eminingi ingena ngaphansi kwalesi sigaba, ngakho-ke iletha ingxenye enkulu yengenisonzuzo yentela uma kuqhathaniswa nezinye izigaba zabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi. Empeleni, lezi ezinye izigaba zabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi ziyoxhaswa ngengenisonzuzo eqongelelwa emihlanganweni yemijaho yamahhashi ye-*thoroughbred*, engaphansi kweSigaba 1.

Njengoba kubekiwe ngasenhla, abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi abangaphansi kweSigaba 2: Imihlangano yemijaho yamahhashi ye-*harness* kanye nabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abangaphansi kweSigaba 3: Imihlangano yemijaho yamahhashi omtelbhelo bayothola isabelo esiyi-0.2% emunye. Lokhu kwabiwa kwezimali kuhloswe ukuthi kuqalise ukuthuthukiswa kwalezi zigaba zembali yemijaho yamahhashi ngendlela yokuthi zibe sezingeni lapho ziyokwazi ukuba nemihlangano yemijaho yamahhashi engaphezu kwale eziba nayo njengamanje.

Kuhlongozwa ukuthi iphesenti elilodwa lemali eyokwabiwa liyofakwa esiKhwameni soGuquko, futhi abanikazi bamalayisensi bangathola ezinye izimali esiKhwameni soGuquko, ukwenza imiklamo ethile eyoba nomthelela omuhle nobonakalayo wokuguqula imboni yezokugembula esiFundazweni. Le miklamo kumele igunyazwe yiBhodi ngokuhambisana nohlelo olunzulu. Imiklamo kumele ichazwe ngabanikazi bamalayisensi abazokwamukelwa futhi baqashwe yiBhodi bese kuthi izimali zikhishwe kuqalwe kusukela kwencane kuye ngokwenyuka uma sekufezwe obekuhlosiwe ngempumelelo ekuqalisweni kwemiklamo.

Kumele kugcizelelwe ukuthi la maphesenti ezabelo kwithebula elingenhla ayashintsha awahlali enjalo, kodwa inhloso ukuthi abuyekwezwe njalo emva kwesikhathi esithile kubhekelelwa izinga lokufezwa kwezinjongo zokuthuthukiswa nokuguqulwa kwemijaho yamahhashi kanye nembali yemijaho yamahhashi.

E. IsiKhwama soGuquko

Okunye okusha okuhlongozwayo ingxenye encane ngokwamaphesenti yalezi zintela ekhokhwa esiKhwameni seNgenisonzuzo sesiFundazwe kumele uMnyango woMgcinimafa wesiFundazwe uyabele isiKhwama soGuquko ukuhlinzeka omunye umthombo wezimali wesiKhwama soGuquko esasungulwa ngokwesigaba 137(1) soMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, ukuqinisekisa ukuthi isiKhwama soGuquko siyakwazi ukufeza izinjongo zaso ezibekiwe.

UHlelo olusha lukubeka ngokusobala ukuthi umnikazi welayisensi uyobe esekwazi ukuthola imali ethile esiKhwameni soGuquko yemiklamo ethile eyokwenziwa umnikazi welayisensi ngokuhambisana nohlelo lomklamo oluchaza kabanzi njengoba kungagunyaza iBhodi, kuncike kunoma yimiphi imibandela engabekwa yiBhodi, uma kungukuthi iBhodi igculisekile ukuthi lowo mklamo othintekayo uzoba nomthelela onqala nomuhle ekuguquleni imboni yokugembula esiFundazweni.

F. Ezinye izichibiyelo

Njengoba imibono yezomthetho efuniwe isiveze ukungabaza mayelana nokuba semthethweni kwesigaba 5 soMthetho omkhulu, esihlinzekela ukuchitshiyelwa noma ukuguqulwa koHlelo ngeSaziso kwiGazethi, kubonakale kuwumqondo ophusile ukuchitha lesi sigaba bese kwethulwa uHlelo oluchitshiyelwe njengengxenye yalo Mthethosivivinywa. Njengoba izintela sezikhokhiwe nezimali zabiwe ngokweSaziso sesiFundazwe esibaluwe ngasenhla, kubalulekile ukuqinisekisa ukuqoqwa nokukhokwa kwezintela.

UKUCHAZWA KWESIGABA SOMTHETHO NGASINYE

Kafishane, umthethosivivinywa uhlinzekela lokhu okulandelayo –

Isigaba soMthetho 1:

Isigaba soMthetho 1 sichitha isigaba 5 soMthetho omkhulu okwamanje esihlinzekela ukuchitshiyelwa noma ukuguqulwa koHlelo ngesaziso kwiGazethi yesiFundazwe. Imibono yezomthetho efuniwe isiveze ukungabaza mayelana nokuba semthethweni kwesigaba 5

soMthetho omkhulu. Kunombono wokuthi njengoba uMthetho omkhulu uwumthethosivivinywa weMali, uMthetho omkhulu kanye noHlelo lwawo ungachitshiyelwa kuphela ngoMthethosichibiyelo hhayi ngesaziso.

Isigaba soMthetho 2:

Isigaba soMthetho 2 sihlizekela ukuqinisekiswa kwezintela eziqoqiwe nezikhokhiwe kanye nanoma yini enye eyenziwe ngokweSaziso No. 112 esashicilelwa mhla zi-5 kuMfumu ngonyaka ka 2012, okukhishwe ngokwesigaba 5 esesichithiwe soMthetho omkhulu. Isigaba soMthetho sokuqinisekiswa sinomkhawulo. Umthelela ukuthi akukho okwenziwe ngokwalesi saziso okuyothathwa njengokungekho semthethweni ngoba nje uHlelo loMthetho omkhulu kwakumele luchitshiyelwe noma luguqulwe ngesaziso njengoba kuhlinzekelwe esigabeni 5 soMthetho omkhulu hhayi ngokomthetho noma ngokoMthethosivivinywa ochibiyela noma oququla uHlelo.

Isigaba soMthetho 3:

Isigaba soMthetho 3 sihlongoza ukuguqulwa koHlelo lomthetho omkhulu olukhuluma ngezintela zemidlalo yemali nokubheja kanye nezintela zamareyithi. Izichibiyelo zihlinzekela ukukhushulwa okungatheni kwamareyithi ezintela zamakhasino, zama-LPM's kanye nezobhuki. Inhloso ukuhlinzeka indlela yokukhokhela isikhwama soguquko, esisungulwe ngokwesigaba 137 soMthetho weMidlalo yeMali nokuGembula waKwaZulu-Natali, 2010, ukuze isikhwama soguquko sikwazi ukufeza esijutshelwe kona. Leli yigxathu elikhulu lemizamo yeBhodi yokuguqula imboni yeMidlalo yeMali nokuBheja. Isigaba somthetho siphinde siqalise izichibiyelo zoMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, ezenziwa ngonyaka ka 2017, ezethula ezinye izigaba ezengeziwe zabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi (zemijaho yamahhashi omtelabhelo kanye neye-harness); ngalokho kwamukelwa ukuba khona kwezigaba ezehlukene zemijaho yamahhashi kanye nabaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi. Lesi sigaba soMthetho sihlizekela ukuthi iphesenti elilodwa liyokwabelwa isiKhwama soGuquko, sibe futhi sethula lezi zigaba ezilandelayo zabahlomuli abayohlomula uma sekwabiwa izintela ezikhokhwe

obhuki emicimbini yemijaho yamahhashi (intela yamaphanta) esikhathini esizayo, kuncike ezinhlelweni zokulawula ukuqinisekisa ukuthi intela eyabiwe isetshenziselwa izinhloso zoguquko:

(a) Isigaba 1 – Abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi:

Imihlangano yemijaho yamahhashi ye-*thoroughbred*, abanesabelo esiyi-1.6% sezintela zokubheja;

(b) Isigaba 1 – Abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi:

Imihlangano yemijaho yamahhashi ye-*harness*, abanesabelo esiwu-0.2% sezintela zokubheja; kanye

(c) Nesigaba 1 – Abaqhubi bezinkundla zemijaho yamahhashi abanamalayisensi:

Imihlangano yemijaho yamahhashi ye-*thoroughbred*, abanesabelo esiwu-0.2% sezintela zokubheja.

Lokhu okuhlongozwayo kuphinde kufake izincazelo ngezinhloso zoHlelo olusha, kubandakanya nencazelo “*yesamba semali*” noma “*imali*”, ngenhloso yokubhekana nodaba lwe-“*freeplay*” ngaphandle kokunanaza ukuqinisekisa ukuthi, esikhathini esizayo, imali yentela engatholwa yisiFundazwe ayilahleki. Lenhlinzeko ihlose nokwamukela ukuphuculwa kwezobuchwepheshe kulo mkhakha wezokugembula.

Maqondana nokulahleka kwezintela okungaba khona ngaphambi kokushicilelwa koHlelo olusha oluhlongozwayo, abanye abaqhubi bamakhasino kuyimanje sebeyiyekile “*i-freeplay credit*” “ezimalini eziyisamba zengenisonzuzo” noma sebefuna ukuthola imvume esemthethweni yokushiya ngaphandle noma yokubanjelwa imali “*ye-freeplay credit*” ngezinhloso zokubala imali yentela abayikweletayo.

Lesi sigaba somthetho siphinde sichibiyele incazelo yengenisonzuzo ngokufaka “inani lemali” ukubhekelela izinto ezahlukene emidlalweni yemali ngenxa yokuphuculwa kwezobuchwepheshe kanye nezinhlobo ezintsha zemidlalo, futhi siphinde siqondise incazelo yengenisonzuzo yemidlalo yemali ukuthi ibandakanye “izamba zenzuzo” ezitholakala ngemidlalo yemali.

Isigaba somthetho 4:

Isigaba somthetho 4 siqukethe isihloko esifingqiwe soMthethosivinywa.

3. ABASEBENZI ABANGASE BADINGWE UHULUMENI WESIFUNDAZWE

Abekho abanye abasebenzi abazodingeka.

4. IZIMALI EZIZODINGWA UHULUMENI WESIFUNDAZWE

Umthethosivinywa uhlinzekela, futhi uhlongoza, ukwenyuka kwentela esiFundazweni ezizokhokhwa esiKhwameni seNgenisonzuzo sesiFundazwe kanye nezimali ezizokhokhwa esiKhwameni soGuquko esasungulwa ngokwesigaba 137(1) soMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, ukuqinisekisa ukuthi isiKhwama soGuquko siyakwazi ukufeza izinhloso zaso ezinqunyiwe.

5. IMINYANGO / IMIGWAMANDA / ABANTU OKUBONISENWE NABO

Umthethosivinywa ulotshwe emva kokubonisana –

(a) neHhovisi likaNdunankulu;

(b) noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo, njengoNgqongqoshe obhekele ukuphathwa koMthetho weMidlalo yeMali nokuBheja, 2010; kanye

(c) neBhodi yeMidlalo yeMali nokuBheja.

6. OKUNGAXHUNYWANA NAYE

Igama: **Mnu. Ndumiso Nkomo**

Isikhundla: uMqondisi woPhiko lwezoMthetho eMnyangweni woMgcinimafa wesiFundazwe

Ucingo: (033) 897 4544

Ifeksi: (033) 897 4594

Inombolo yeselula: 071 362 4400

I-imeyli: ndumiso.nkomo@kzntreasury.gov.za

KWAZULU-NATAL BELASTINGWYSIGINGSWETSONTWERP OP DOBBELARY EN WEDDERY, 2021

Kennisgewing ooreenkomstig Reël 218 van die Staande Reëls van die KwaZulu-Natalse Wetgewer

Kennisgewing geskied hiermee dat, ooreenkomstig Reël 218 van die Staande Reëls van die KwaZulu-Natalse Wetgewer, die KwaZulu-Natal Belastingwysigingswetsontwerp op Dobbelary en Weddery, 2021, soos hieronder uiteengesit, op 10 Desember 2021 by die voorgemelde Wetgewer

ingelei is en deur die Portefeuljekomitee oor Finansies oorweeg sal word. Belanghebbende partye en instellings word hiermee uitgenooi om skriftelike verhoë oor die vermelde Wetsontwerp in te dien, welke verhoë gerig moet word aan –

Die Sekretaris
KwaZulu-Natalse Wetgewer
Privaatsak X 9112
PIETERMARITZBURG
3200

Aandag: Mnr S Chili

E-pos: Chili@kznleg.gov.za

Verhoë moet hom nie later nie as **30 dae** vanaf die datum van hierdie kennisgewing bereik.



N NAIDOO

Sekretaris van die KwaZulu-Natalse Wetgewer

PROVINSIE VAN KWAZULU-NATAL

KWAZULU-NATAL BELASTINGWYSIGINGSWETSONWERP OP DOBBELARY EN WEDDERY, 2021

—————
(Soos ingelei in die Provinsiale Wetgewer)
(Die Engelse teks is die amptelike teks van die Wetsontwerp)

—————

(LUR VIR FINANSIES)

ALGEMENE VERDUIDELIKENDE NOTA:

[] Woorde in vet druk tussen vierkantige hake dui skrappings uit bestaande wetsbepalings aan
_____ Woorde met 'n volstreep daaronder dui invoegings in bestaande wetsbepalings aan

WETSONTWERP

Om die KwaZulu-Natal Belastingwet op Dobbelary en Weddery, 2010, te wysig ten einde artikel 5 te herroep; om voorsiening te maak vir die geldigverklaring van belasting wat ingevolge Provinsiale Kennisgewing No. 112 van 5 Oktober 2012 ingevorder of betaal is; om voorsiening te maak vir die vervanging van die Bylae by die Wet; en om voorsiening te maak vir aangeleenthede wat daarmee verband hou.

DAAR WORD BEPAAL deur die Provinsiale Wetgewer van die Provinsie KwaZulu-Natal, soos volg:

Herroeping van artikel 5 van Wet 9 van 2010

1. Artikel 5 van die KwaZulu-Natal Belastingwet op Dobbelary en Weddery, 2010 (Wet No. 9 van 2010), hierna die "Hoofwet" genoem, word hiermee herroep.

Geldigverklaring van Provinsiale Kennisgewing No. 112 van 5 Oktober 2012

2. Enige geld of belasting wat ingesamel of betaal is, of enige handeling, bepaling, toedeling, besluit, aangeleentheid of enige ander ding wat gedoen, gemaak, geneem, verrig of uitgevoer of beweer is dat dit gedoen, gemaak, geneem, verrig of uitgevoer is ingevolge Provinsiale Kennisgewing No. 112 van 5 Oktober 2012, uitgereik ingevolge die herroepe artikel 5 van die Hoofwet is nie ongeldig nie slegs omdat die Bylae van die Hoofwet gewysig of vervang word by kennisgewing soos bepaal in die herroepe artikel 5 van die Hoofwet.

Vervanging van Bylae by Wet 9 van 2010

3. Die volgende Bylae vervang die Bylae by die Hoofwet –

"BYLAE

Belasting

(artikel 3)

A. CASINODOBBELBELASTING

1. (1) 'n Gelisensieerde casino-operateur moet die casinodobbelbelasting aan die Provinsiale Inkomstefonds betaal teen die koers wat in die tabel hieronder voorgeskryf word:

<u>Belasbare Inkomste</u>	<u>Belastingkoers ten opsigte van Gelisensieerde Casino-operateurs</u>
